

Usephile engu-20 neHIV

BONGIWE ZUMA

UZIMISELE ngokuphila isikhathi eside owesifazane waKwaNongoma osephile negciwane lengculaza iminyaka engu-20 ngaphandle kweimishanguzo.

UNksz Thandi Mathe (58) waseMkhondo ungumama wezingane ezimbili owacishe wazishiya engagulanga ngo-1993 kulandela ukuthola ukuthi unegciwane engazelele.

Uthe wayebhalisele umshwalense owawudinga ahlolwe igazi kanti bazomhlola negciwane.

Emuva kwesikhathi esingatheni wathola ukuthi akulunganga ngoba unegciwane leHIV.

“Ngahlala iminyaka emihlanu ngingawazisi umndeni wami ngisaba ngoba kwakuseyihlazo ngeminyaka yo-1990 ukuba nalesi sifo.

“Ukuthula isikhathi eside yikhona okwase kungigulisa nginengcindezi, ngaze ngazama nokuthola izeluleko ezinhlanganweni zabanegciwane ezehlukene ngezincingo kodwa kwangenza umehluko,” kusho uNksz Mathe.

Uthe yilapho athatha khona isinqumo sokwazisa umndeni wakhe kwathi uma wamukela ukuthi usenalesi sifo waqala wakhululeka.

Uthe waqala ukuzinakekela ngokudla okufanele kanjalo nokuzivocavoca okwamsiza kakhulu ngoba amasosha omzimba wakhe awazange ehle nakancane kunalokho wakhuluphala.

UNksz Mathe wathatha nesinqumo sokwazisa umphakathi ngokugula kwakhe wahambela nezikhole zendawo ehuleka abafundi.

Njengamanje usebenza njengelungu lenhlangano yomphakathi ebhekelele izintandane nabahlwempu iSivikindlala Project.

Ukufa uthe into angayicabangi ngisho elele ngoba usebonile ukuthi angaphila isikhathi eside negciwane ngaphandle kokugula.

Izinto ezimsiza kakhulu ukuze ahlale ephila uthe ukudlala kathathu ngosuku ngezikhathi ezifanayo noma



UNKSZ Thandi Mathe ongowesifazane ongesabi ukukhuluma ngokugula kwakhe ophinde abe wusizo emphakathini ngokululeka intsha ngegciwane lengculaza **Isithombe: BONGIWE ZUMA**

ngabe ukuphi.

Okunye ukuzivocavoca ngokuhamba ibanga elithile njalo ngosuku kanjalo nokungacabangi kakhulu uma ebona umuntu ohaqwe yigciwane egulela ukufa.

“Ngiyaba nesikhathi lapho ngiphatheka kabi uma ngibona umuntu osegula kakhulu kodwa sengazifundisa ukungakubeki emqondweni ngoba kuyahlukumeza.

Ngesinye isikhathi ngiyaphuma ekhaya ngishaywe umoya ngithole nokuzivocavoca kuze kudlule leyo ndawo yokuphatheka kabi.

Uma kwenzekile ngathola ithuba lokukhuluma nabantu abagulayo nabangakazazi ngiyabakhuthaza ukuthi abathathe imishanguzo noma bahlole labo abangakazi ngesimo sabo,” kusho yena.

Uphethe ngokuthi abesifazane yibona okufanele bakukhuthalele kakhulu ukhulola igciwane ngoba banesibindi bangakwazi ukubhekana nanoma yisiphi isimo sempilo njengoba naye akwazi.

Iwela umfula ugqwela
Isolezwe

Isolezwe is printed and published by Independent Newspapers KwaZulu-Natal, 18 Osborne Street, Durban, for the proprietors and publishers, Independent Newspapers (Pty) Limited, at 18 Osborne Street, Durban. The copyright in the literary and artistic works contained in this newspaper and its supplements, as well as in the published editions and any other content or material (including in any online version), belongs exclusively to Independent Newspapers (Pty) Limited unless otherwise stated. The copyright, including the reproduction and adaptation of any content or material contained in this newspaper



and its supplements, is expressly reserved to the publisher, Independent Newspapers (Pty) Limited, under Section 17(7) of the Copyright Act of 1978.



Isolezwe has committed itself to the Press Code of Professional Practice, which prescribes that news must be reported in a truthful, accurate, fair and balanced manner. If you feel we don't live up to the Press Code, please contact The Press Ombudsman in writing at 2nd Floor, 7 St David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 or PO Box 47221, Parklands 2121, or e-mail pressombudsman@ombudsman.org.za (www.ombudsman.org.za).

An **INM** Publication